# ALLOCATIONS POLICY GOVERNING TRADING OPPORTUNITIES AND PERMITS TO INFORMAL TRADERS ON COUNCIL OWNED PROPERTIES

## 1. Introduction

The aim of the Allocation's policy is to support growth, and provide opportunities for new entrants, in an economically, sustainable, and socially useful way. It can be a powerful tool for job creation, and for the inclusion of the people who were excluded from economic activity in the past. It will be implemented in a way that will create linkages between experienced and inexperienced operators.

## 2. Principles

2.1 In Council managed, defined site, and restricted trading area, a cut-off date to legalize all traders in that area will be applied. Thereafter, any one who illegally trade after the cut-off date will be removed, and the department will report monthly to Council with regard to legalization of traders.

2.2 Only people at the entry level of business will be allowed.

2.3 Council will promote progression of traders to more valuable sites, and ultimately into formal markets by providing a range of opportunities to develop people and their businesses over a limited period after which if the trader needs to utilise the same site, he would have re-apply for it. The Department must prepare an agreement for trading on Council property, in order for traders to sign the same when allocation of site is undertaken between the Council and the traders.

2.4 Application for the transfer of sites within / household family (next of kin) in a case where the owner is in critical condition, ill, death, or disability will be forwarded to Council for consideration. (Viewed in terms of the trader if special circumstances apply.)

2.5 Review the history of the area to find -out if there are some implications in terms of allocations which should be weighted differently from the normal agreed upon criteria or if the traditional criteria should applied.

2.6 First preference will be given to women, young people (18-35 years) and physically disabled people, as well as to South African Citizens.

## 3. Preconditions

3.1. Commitment to pay for stall rentals

3.2 . One site per trader per household

3.3 . No other business shall be owned

3.4 . No formal employment

3.5. Comply with legislation and by-laws

3.6. Product to be sold will have to be in line with the specific character of the area, but Council will aim to promote potential economic / market trends within the area.

## 4. Criteria

The eThekwini Municipality in allocating sites will attempt to achieve the following targets.

### 4.1. Target

4.1.1 Council will use the allocation of sites to address the lack of economic opportunities to previously disadvantaged communities.

4.1.2 In allocating sites women and young people and those who are physically challenged as defined by national legislation will be given preference.

4.1.3 Legal foreigners with work permit will be allowed to trade provided they meet the agreed upon criteria.

4.1.4. Preference will be given to co-operatives which are credited and registered with Council's relevant Department.

**5. Points**

The scoring of points will be done in such a way that targets are met.

5.1. Anyone disenfranchised before 1984 = 1

5.2. Anyone disenfranchised before 1994 = 2

5.3. Accredited co-operatives since more than one person will benefit from the site = 3.

5.4. Value added product and skill = 1

5.5. Value added products manufactured at the site, or by a co-operative of which an applicant is a member of = 1.

5.6. Local applying for a local site = 1

5.7. Any applicant who is a Uni-city resident applying for uni-city site = 1.

## 6. Process

- A circular on vacant site or sites will be issued to Councillors to advise them about sites available.

- Any site that becomes vacant will be advertised to the locals where the site is situated. Uni-city sites will be advertised uni-city wide.

- There will be no waiting list. Those who are already in the waiting list will be informed to reapply if there is a site to be allocated.

- Where points are equal, a pool draw system will be used to allocate a site.

- Existing traders can apply for another site. If the applicant gets the new site, she or he will have to leave the original site.

- The administration will issue quarterly reports to Councillors on sites allocation.

**INQUBOMGOMO YOKWABA ELAWULA AMATHUBA OKUHWEBA NEZIMVUME KUBAHWEBI ABASEBENZELA EZINDAWENI OKUZINGEZIKAMASIPALA**

## 1. Isingeniso

Inhloso yale nqubomgomo yokwaba ngukweseka intuthuko, nokuvula amathuba okungena kwabahwebi abasha ngendlela enosizo ngokungenamkhawulo emkhakheni wezomnotho nowenhlalakahle yomphakathi. Ingasiza kakhulu ekwakheni amathuba omsebenzi nasekumbandakanyweni kwabantu ababekhishwa inyumbazana emnothweni esikhathini esiphambili. Izosetshenziswa ngendlela ezodala ukuxhumana phakathi kwabanesipiliyoni kulo msebenzi wokuhweba nalabo abangenaso.

## 2. Imibandela

2.1 Ezindaweni ezilawulwa nguMasipala ezikhonjiwe ezibekelwe ukuhweba, kuyobekwa usuku oluyoba ngunqamula juqu lokuvunyelwa ngokusemthethewni kwabo bonke abahwebi kuleyo ndawo. Ngemuva kwalokho noma ngubani ohweba ngokungemthetho uyosuswa, umnyango bese ubika eMkhandlwini nyanga zonke mayelana nokuvunyelwa kwabahwebi ukuba basebenze ngokusemthethweni.

2.2 Kuyovunyelwa kuphela abasesigabeni sokuqala/sokungena ebhizinisini.

2.3 UMkhandlu uyokhuthaza ukukhushulelwa kwabahwebi ezindaweni ezingconywana bagcine sebengene ezimakethe zangempela, ngokudala amathuba okuthuthukisa abantu namabhizinisi abo isikhathi esithize esinqunyiwe okuyothi ngemuva kwaso umhwebi aphinde futhi afake isicelo uma esafisa ukusebenzisa indawo efanayo. Umnyango kumele wenze izivumelwano zokuhwebela ezindaweni zokuhwebela zikaMasipala, eziyoba yisivumelwano phakathi koMkhandlu nabahwebi abayisisayinda ngesikhathi babelwa izindawo abazohwebela kuzona.

2.4 Isicelo sokwedlulisela indawo yokuhwebela esihlotsheni/kowasemndenini uma umnikaziyo esesimweni esibucayi, egula, eshona noma ekhubazeka, kumele silethwe eMkhandlwini ukuze sicutshungulwe. (Sibhekwe ngokomhwebi uma kunezimo eziyisipesheli).

2.5 Ukubheka umlando wendawo ukuthola ukuthi kukhona yini okufanele kubhekwe ngokwehlukile kuleyo mibandela eyejwayelekile okwavunyelwana ngayo, noma ukuthi kufanele kusebenze imibandela eyejwayelelkile yini.

2.6 Kuyoqala kucatshangelwe abesifazane, abasebasha (18-35 ubudala) nabantu abakhubazekile kanjalo nabayizakhamuzi zaseNingizimu-Afrika.

## 3. Imibandela ephambili

3.1 Ukuzinikela ukukhokha irenti yetafula/yendawo yokuhwebela

3.2 Indawo eyodwa yokuhwebela umhwebi ngamunye umndeni ngamunye

3.3 Akumelekile ukuba umhwebi owabelwayo abe nelinye ibhizinisi

3.4 Kube ngumuntu ongaqashwe ndawo

3.5 Athobele imithetho kahulumeni nekamasipala

3.6 Impahla edayiswayo ivumelane nobunjalo bendawo, kodwa uMkhandlu uyophokophelela ekuthuthukiseni amathuba omnotho/ezimakethe endaweni.

## 4. Imibandela

Ekwabeni izindawo zokusebenzela uMasipala waseThekwini uyozama ukufeza le migomo elandelayo.

### 4.1 Umgomo

4.1.1 UMkhandlu uyosebenzisa ukwabiwa kwezindawo zokusebenzela ukubhekana nokungabi bikho mathuba kwamathuba ezomnotho kuleyo miphakathi eyayincishwa amathuba phambilini.

4.1.2 Ekwabiweni kwezindawo zokusebenzela kuyobhekelwa kakhulu abesifazane nabantu abasebasha nalabo abakhubazekile ngokuchaza komthetho wezwe.

4.1.3 Abokufika kuleli abasemthethweni abenezimvume zokusebenza bayovunyelwa ukuba bahwebe inqobo nje uma bezanelisa izidingo okuvunyelwene ngazo.

4.1.4 Kuyobhekela imifelandawonye ebhalisiwe emnyangweni ofanele kaMasipala.

## 5. Amaphuzu

Ukubalwa kwamaphuzu kuyokwenziwa ngendlela eyohlangabezana nemigomo ebekiwe.

5.1 Noma ngubani owayavumelekile ukuvota ngaphambi kuka-1984 = 1

5.2 Noma ngubani owayngavumelekile ukuvota ngaphambi kuka-1995 = 2

5.3 Imifelandawonye eyaziwayo njengoba kuyosizakala abantu abangaphezu koyedwa ngendawo yokusebenzela = 3

5.4 Impahla edayiswayo enenani kanye nekhono = 1

5.5 Impahla edayiswayo enenani eyakhiwa lapho kuleyo ndawo yokusebenzela, noma eyakhiwa ngumfelandawonye ofake isicelo ayilunga lawo = 1

5.6 Ofake isicelo endaweni engowendawo = 1

5.7 Noma ngubani ofake isicelo sendawo yokuhwebela esendaweni engaphansi kukalo Masipala ngobubanzi bayo ebe ehlala endaweni engaphansi kukalo Masipala = 1

## 6.Indlela

- Isekhula ngezindawo zokuhwebela ezingenamuntu iyokhishwa inikwe amakhansela ngenjongo yokuwazisa ngezindawo ezitholakalayo.

- Noma iyiphi indawo yokuhwebela engenamuntu iyokhangiswa kubantu bendawo abakhele leyo ndawo. Izindawo zokuhwebela ezisezingeni likaMasipala ngokubanzi ziyokhangiswa kuyo yonke indawo engaphansi kukaMasipala.

- Ngeke lube khona uhlu lwabalindile, labo asebesohleni olunjalo bayokwaziswa ukuze baphinde bafake izicelo uma kuvela indawo ezokwabiwa.

- Lapho amaphuzu elingana, indawo iyokwabiwa ngokutomula.

- Abahwebi vele asebekhona bangafaka izicelo zezinye izindawo. Uma umuntu ethola indawo entsha, kuyodingeka ukuba ayishiye leyo akade esebenzela kuyona.

- Umnyango uyonika amakhansela imibiko njalo ngekota mayelana nokwabiwa kwezindawo zokuhwebela.